# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

25/2014 Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukuvuka kweNkosi, ngomhla ka 20. 04. 2014

***Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.***

1. Iculo 119/102

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla-onke, Baba osezulwini, ngeNdodana yakho ezelwe iyodwa uJesu Kristu unqobile ukufa, wasivulela amasango okuphila okuphakade. Sesiyacela kuwe ukuba thina esigubha ngentokozo enkulu umkhosi wokukhumbula ukuvuka kweNkosi, sivuswe ekufeni kwesono ngoMoya wakho ophilisayo ngoJesu Kristu, iNkosi yethu ephilayo, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu oyedwa manje, kuze kube phakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 15:1-11

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Marku 16:1-8.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 113/95

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 15:19-28, lithi: "Uma singabathembela kuKristu kulokhukuphila kuphela, singabokukhalelwa kunabantu bonke. Kepha kalokhu uKristu uvusiwe kwabafileyo, engulibo lwabaleleyo. Ngokuba lokhu ukufa kweza ngomuntu, ukuvuka kwabafileyo nakho kweza ngomuntu. Ngokuba njengalokhu kuAdamu bonke bayafa, ngokunjalo futhi kuKristu bonke bayakuphiliswa. Kepha yilowo nalowo ngesigaba sakhe: uKristu kuqala, besekuba-ngabangabakaKristu ekufikeni kwakhe, andukuba kufike ukuphela, nxa enikela umbuso kuNkulunkulu uYise, lapho esechithile ukubusa konke, nobukhosi bonke, namandla. Ngokuba umelwe ukubusa, aze abeke izitha zonke phansi kwezinyawo zakhe. Isitha sokugcina esiyakuchithwa singukufa. Ngokuba izinto zonke uzithobisele phansi kwezinyawo zakhe. Kepha nxa ethi: Izinto zonke zithotshisiwe, kusobala ukuthi ungaphandle kwazo yena ozithobisele phansi kwakhe. Kodwa nxa izinto

zonke sezithotshiselwe phansi kwakhe, lapho-ke nayo iNdodana iyakuzithoba phansi kwalowo owathobisa zonke izinto phansi kwayo, ukuze uNkulunkulu abe-yikho konke kukho konke." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi elithandekayo, emingcwabeni nasezinsukwini zokukhumbula abasebiziwe yiNkosi kungumjwayelo phakathi kwamaLuthere ukuhlabelela amaculo omkhosi wokukhumbula ukuvuka kweNkosi, noma ukufa kwalo osishiyile kuphambene kabi nakho esikuhlabelelayo. Malungu omzimba kaKristu enithndekayo siyahlabelela amaculo lawa ngokusekelwa yizithembiso zezwi likaNkulunkulu uNkulunkulu aliphefumulele ukuba uPawulu alilobele ibandla laseKorinte, esisand' ukulifunda eliyizwi lentshumayelo ya namuhla. Ukufa komuntu oliKristu owafela kuKristu ngokwempela kuyisifakazelo senqobo, noma udwendwe lokukhombisa ukunqoba ukufa. Ukufa akufani nakho abantu abakucabangayo ngakho ngokwemvelo yabo. Ngokufa asilahlekelwe ilungu elithile kuwo amalungu ekerike. Kanti bonke ababemuka ngokufa emhlabeni bekuKristu, nakubo ukufa kulahlekelwe amandla akho. Basalondolozekile emzimbeni kaKristu. USathane akasakwazi ukubathinta. Baphunyiziwe kuKristu. Kuyinduduzo enkulu abangabaKristu abayiphiwa maqondana nabakubo abasebiziwe yiNkosi.

UPawulu uyasitshela ukuthi kungukuvuma ukunqoba kukaJesu ngokuvuka kwakhe. Ukukholwa kwethu akusiyo impumputhe. UPawulu uyaphawula izizathu eziqinisayo, nokusambumbulela ukuthi ukuvuka kwabafileyo kwenzeka kanjani, uthi: "Kepha kalokhu uKristu uvusiwe kwabafileyo, engulibo lwabaleleyo." UKristu ungowokuqala phakathi kwabafi ophumile elibeni lakhe. Okusho ukuthi ukuvuka kwabafileyo kuqalile. Owokuqala phakathi kwababesefile usevukile, uyaphila. Nathi siyakumlandela. Nabo ababesengcwatshiwe nabo bayakumlandela. Ngaye uKristu sonke sizovuswa ngosuku lokugcina, sibe nomzimba omusha, ngokuba uKristu uhlanganisiwe nathi, nathi sihlanganisiwe naye ngezwi namasakramente. Sonke esikholwa nguKristu siyathemba ukuthi sizovuswa, nokwamukelwa ekuphileni kwenkazimulo. Ukuvuka kukaKristu kusihlanganisa sonke esibhapathiziwe egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye nokukholwa nguye.

Mangizame ukuchaza lento ngomfanekiso. Maloba ngabona isithombe sikabhayisikobho samaphengwine. Ayathanda ukubukutha isikhathi phansi kweqhwa elisemanzini. Kulo iqhwa kukhona izimbobo. Kulezimbobo lezinyoni sithola ithuba lokuphefumula. Kodwa kwenzeka ukuba lezimbobo eqhweni eliphezu kwamanzi ziyavaleka ngeqhwa elikhithekayo kulezizindawo lapho amaphengwine ephila khona. Kwenzeka ukuba amaphengwine

abambeke phansi kweqhwa. Iqhwa elikhithekile alilukhuni, njengeqhwa eliphezu kwamanzi. Kanjalo kwenzeka ukuba iphengwine elingumholi wamanye libhoboza iqhwa elingelukhuni ngomlomo walo ukuba namanye ayebanjiwe phansi kweqhwa aphumelele ukuphuma kulembobo. UJesu wenza lokhu, wabhoboza iqhwa lokufa ukusilungisela imbobo ukuba simlandele, njengalokhu kuthenjisiwe kuMch 2:13 ukuthi: "Umfohli ukhuphuka ngaphambi kwabo; sebefohlile, badlulela esangweni, baphuma ngalo; inkosi yabo idlulile phambi kwabo, noJehova usesihlokweni sabo." Ukufa kulahlekelwe umandla akho emhlabeni. Iqhwa lakho liqhibukile. Kusho ukuthi manje ukufa sekuqhibukile ngokunqoba kukaJesu, uJesu uyasihola ukuba simlandele, sibone imbobo lokuphefumula ngokungapheliyo, Njengalokhu sihlanganisiwe naye, siyakuya lapho ekhona.

Ukuvuka kukaKristu akuthintani namakholwa akhe kuphela, kuthintane nabantu bezizwe zonke. UPawulu uyasiphelekezela endleleni yokuba siqonde inhloso kaNkulunkulu ngokusifundisa ukuthi: Ukufa kungenile emhlabeni ngomuntu oyedwa ngoAdamu. Nokuvuka kungenile ngomuntu oyedwa uJesu Kristu. Kulotshiwe ukuthi: "Ngokuba lokhu ukufa kweza ngomuntu, ukuvuka kwabafileyo nakho kweza ngomuntu. Ngokuba njengalokhu kuAdamu bonke bayafa, ngokunjalo futhi kuKristu bonke bayakuphiliswa.

UAdamu uthintana nathi sonke, ngokuba bonke abantu bezizwe zonke banenyama negazi, bananyathelwa yisono. Siyakufa sonke, nathi esingamakholwa, ngokuba uAdamu omdala usasinamathele kuze kube sekufeni. Asithandi ukuba nabenyama, nokho isasinamathela impela. Yikho okushiwo nguPawulu, uma ekhuluma ngakho okwenziwa nguAdamu omdala ezweni. Umelwe ukufa. Yikho okwesikhathi samanje okwenzelwa uAdamu omdala. Yikho esikuzwayo empilweni yezinsuku zonke kakhulu ngokuqhubeka kokuguga. Kanjalo-ke bonke bayakuvuswa ngenxa kaKristu. Kushiwo bonke. Akekho ozohlala njalo elibeni. Bonke bayakuvuswa. Yikho okufakazelayo ukuthi ukufa akusilo ithuba lokuphunyuka kuNkulunkulu. Bonke bazovuka ekufeni.

Kusho ukuthi ukuvuka kukaKristu kuyabaluleka maqondana nabantu bonke. Akekho ongathintwa yikho. Kodwa akuyikududuzwa bonke ekuvukeni kwabo, yibo kuphela abafela kuKristu abayakududuzwa ekuvukeni. Endaweni yezwi lentshumayelo yanamuhla, lapho lilotshiwe khona uPawulu uyahlosa ukusiduduza sonke ukuba siqonde ukuthi ukuvuka kungokukhulu empilweni yabantu. Akusiyo into nje. Ngaphezu kwakho lokhu uPawulu uyathanda ukuba siqonde okukhulu ukuba sicabange ngakho. UPawulu uyahlosa ukuba siqaphele okuhlangene nokuvuka kwabafileyo. Akwenzeki nje. Kuyavela okuxwayisayo,

nokuqhapisayo ukuba sikhumbule ukuthi kuzovela okusha. Njengalokhu uNkulunkulu wenzile kukho konke, wambulela abantu ngaphambili kungakenzeki ukuthi kuyakwenzeka okusha.

Nokuvuka kukaJesu Kristu akuhloswa ukuthi embusweni kaKristu konke kwenziwa kuphela ukuba abantu bazunywe ngakho okusha nje, kodwa kuyahloswa ukuba abantu baqonde ukuthi embusweni kaKristu konke kuyakwenzeka ngokuhlelwa nguNkulunkulu. Uyambula okumisiwe nguye ngezwi lakhe. UNkulunkulu akathandi ukuba abantu badideke, baxutshaniselwe ingqondo. Wahlela okuyakuphendulwa isikhathi eside okusha singakenzeki, wakhuluma ngabaprofethi ukuthi okusha kuzovela.

Kuyisinye sezifakazelo zeqiniso lokuvuka kukaKristu, ngokuba kungubani oyakuzihlupha ngokuhlela okuthile okungekho? Amaphupho nezigojogojo azinenhlelo. Inhlelo iyadingeka kuphela lapho kwenzeka khona okweqiniso.

Nansi inhlelo: UKristu ungowokuqala, usevukile. Uma ezobuya, nabo ababekholwa nguye bazovuka. Sebevukile bonke, kuzophela konke ngokwenhlelo. Kuyakwenzeka ngezinyathelo ezintathu. Kwamanje thina makholwa sisenyathelweni yesibili. UJesu uyelusa amakholwa akhe kungenzeki okuyakwenzeka. Kuyini okuyakwenzeka ekugcineni na?

UPawulu uyaphendula lombuzo kahle, uthi: "Kepha yilowo nalowo ngesigaba sakhe: uKristu kuqala, besekuba-ngabangabakaKristu ekufikeni kwakhe, andukuba kufike ukuphela, nxa enikela umbuso kuNkulunkulu uYise, lapho esechithile ukubusa konke, nobukhosi bonke, namandla." Bonke abangakholwa nguKristu baphakathi kwalabo abazovelelwa isahlulelo.

Bandla elithandekayo, uJesu uyabusa, uzobusa, kuze kube izitha zonke zizobekwa phansi kwezinyawo zakhe. Ukuvuka kukaKristu kungumsebenzi omkhulu kaNkulunkulu osanda kakhulu kabi, kuze kube kubonakale inqobo kaJesu phambi kwamehlo onke. Ekugcineni kuzobonakala ukuthi zonke izitha zakhe zizobhujiswa. Khona uJesu uzobuyisela kuNkulunkulu uYise ukubusa konke, njengalokhu kulotshiwe ukuthi: "Ngokuba izinto zonke uzithobisele phansi kwezinyawo zakhe. Kepha nxa ethi: Izinto zonke zithotshisiwe, kusobala ukuthi ungaphandle kwazo yena ozithobisele phansi kwakhe. Kodwa nxa izinto zonke sezithotshiselwe phansi kwakhe, lapho-ke nayo iNdodana iyakuzithoba phansi kwalowo owathobisa zonke izinto phansi kwayo." Khona kuyabonakala ukuthi uJesu uqedile wonke umsebenzi wakhe awuthunyelwe wona.

Okusho ukuthi ngokwenhloso kaNkulunkulu sisephakathi kwesinyathelo sokuqala nokwesibili ngokwenhlelo yokuvuka kukaKristu. Asikafinyeleli enkazimulweni. Kungokukhulu ukuba siqonde lokhu ngokumelana nezishisekeli nokuhlakanipha nenkohliso eyize njengokwemvelo yabantu okudukisayo ngokufundisa ukuthi amakholwa esephila kulomhlaba awakaphili enkazimulweni. Siyambulelwa ukuthi kulomhlaba amakholwa asaphila phansi kwesiphambano. Nokho amakholwa asehlengiwe ngokukholwa nguKristu, noma esathwala isiphambano. Lesisiphambano asikhombi ukuthi ukuvuka kukaKristu akukatheli izithelo ekuhambeni kwethu, noma akufakazeli ukuthi amakholwa awakakholwa kahle. Leyamicabango iyadukisa amakholwa amaningi, ngoba lapho kufundiswa khona iqiniso ngokuvuka kukaKristu amakholwa ayaqiniswa ekukholweni, noma ehlushwa ngokuningi kulokhu kuphila.

Ocabangayo ukuthi ikholwa limelwe ukuphila enkazimulweni, nokuphumelela ukuqhubeka enhlanhleni kuphela lapha emhlabeni kukho konke akwenzayo akaqondi inhlelo kaNkulunkulu. Yona iyaqondwa kuphela ngomlayezi womphostoli uPawulu.

Manje sesizwile ukuti umsebenzi kaNkulunkulu usaqhubekela phambili, noma singaboni intuthuko ngamehlo, siyaqiniswa kakhulu ngezwi elithi: **"Isitha sokugcina esiyakuchithwa singukufa."** Kunzinyana ukuhumusha lendima ngesiZulu, ngokuba isiGreki sisebenzisa inkathi yamanje, ngoba isitha esichithwayo singukufa. Kunjalo kusukela esikhathi mhla uJesu evukile ngaso ukufa kusachithwa, nokunqotshwa njalo ngokusha. Ukufa kusekhona, kodwa kuyachithwa lapho ikholwa lifela khona, kuze kube osukwini lokugcina. Ngalolusuku kuzoqedwa umsebenzi wokuchitha amandla okufa, mhla kuvuswa abafileyo bonke, amakholwa adle ifa ekuphileni okuphakade, abangakholwa ukulahlelwa endaweni elungiselwe oSathane nezingelosi zakhe, ekufeni okuphakade. Okusho ukuthi ikholwa elifela ekukholweni liyisifakazelo zenqobo kaNkulunkulu esaqhutshwayo. Amaliba amakholwa awafakazeli ukunqotshwa kwamakholwa, kodwa ayafakazela ukuthi lowo nalowo owanqotshelwa ukufa ngokuvuka kukaKristu ufinyelele ekhaya, usephumile ezinhluphekweni nasezingozini zonke zalomhlaba, kakhulu ezinhluphekweni zezono, nasekufeni, nasemandleni kaSathane. Lawamandla okubi awasenamandla kuye owalaliswa esithembisweni sokuphila okuphakade. Ngakho kufanele ukuba amaculo okuvuka nokunqoba ahlatshelelwe emingcwabeni yamakholwa.

Bathandekayo, sinakho okukhulu esinokudlulisela ebantweni ezindaweni zakithi. Sinakho bonke abantu abamelwe ukukwazi, umlayezi omuhle impela. Kungumlayezi oduduzayo. Sinomyalezi onika umhlaba obhubhayo ithemba elikhulu. Kungumyalezi oqinisileyo, ongakhohlisi, kungumyalezi oseqalile kade, osakhuluma ngakho okuyakwenzeka ngokwenhlelo kaNkulunkulu ngenxa yokuvuka kweNdodana kaNkulunkulu ekufeni. Kungumyalezi owake waduduza abantu ababebhapathizwa esikhathini esidlulileyo, abasabhapathizwa namuhla nangesikhathi esizayo, nabakholwayo ngokwesithembiso sikaNkulunkulu egameni leNkosi uJesu Kristu ovukile kwabafileyo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu owabuye wasizala kabusha ngokwesihawu sakhe esikhulu ukuba sibe-nethemba eliphilileyo ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 117/100

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu  Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-K. H. Schnackenberg

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.